



May 2018, Volume 21, Number 2

ISEXWAYISO NGOKUTHOMBA KOMOBA (ORANGE RUST)




Izinhlamvu ezincane zesifo sokuthomba komoba (orange rust) seziphinde zatholakala kugebe olubekwe esiteshini socwaningo eKomati, emva kokungatholakali kusukela ngonyaka wezi-2016. Isifo sona besingakatholakali emobeni waseNingizimu Afrika.

Siyacela ukuthi nibike uma nibona izimpawu ezikhombisa ukuthi umoba unaso kuBeluleki benu besiKhungo soCwaningo ngoMoba noma kubasebenzi besiKhungo seZifo neziNambuzane (P&D). Kungenzeka kube nzima ukuhlukanisa i-Orange rust kanye ne-Tawny rust uma ubuka ngamehlo ensimini yikho kuncono ukuthi ubike uma ungenaso isiqiniseko ngokubonayo.

Okwamanje izinhlobo zomoba ezihlolwe e-Australia kanye nase-Florida zitholwe zikwazi ukumelelana nalohlobo lokuthomba, kodwa u-N32, N41, N42, N49 kanye no-N52 bona bakhombise ukuzwela kancane. Ezinye zezinhlobo zomoba azikatshalwa zihlolwe ezindaweni lapho lesifo sitholakala khona yingakho sicela nibheke izinkomba/ izimpawu zaso kulo lonke uhlobo lomoba nanoma ungakanani yonke indawo lapho utshalwe khona.

Izinhlambo zomoba	
Ezikwazi ukumelelana nesifo	Ezizwelayo kancane
N12, N14, N21, N23, N25, N26, N29, N30, N31, N35, N37 & N39	N32, N41, N42, N49 & N52

Izinhlambo ezahlukene zokuthomba komoba

Brown rust	Tawny rust	Orange rust
isifo esejwayelekile eNingizimu ne Afrika	Isifo esisha eNingizimu ne Afrika	Isifo esingakabonakali eNingizimu ne Afrika
		



i-PurEst™
isiyatholakala
ngolimi lwesiZulu

Ngonyaka wezi-2016, isikhungo soCwaningo ngoMoba eNingizimu Afrika (SASRI) sikhuphe ithuluzi elisetshenziswa ngomakhalekhukhwini. Leli thuluzi elibizwa nge- PurEst™ lisiza umlimi ukuthi akwazi ukuhlonza ukuvuthwa komoba ngokushesha (ukucoliseka kobushukela ogoqweni) ukuze akwazi ukwenza izinqumo ngokuvuthiswa komoba epulazini. I- PurEst™ ibuye isize ekwenzeni izinqumo eziphusile ngokumisa ukunisela kanye nokuthi uzohlala nini. Lokhu kwenzeka ngokuthi kulinganiswe iphesenti lomswakamo osogoqweni kanye nelobushukela ukuze abalimi bakwazi ukuphatha kahle amasimu abo.



Phambilini lobu buchwepheshe bebutholakala ngeSingisi kuphela kepha manje sebutholakala nangesiZulu kanye nesiBhunu. Ezinye izinguquko esezithola kala kulethuluzi kubalwa kuzo:-

- Ukukwazi ukushintsha imininingwane, isibonelo: Uhlobo lomoba, inombolo yensimu, ukuthi isitshalo singakanani ngokwezinyanga, kanye nosuku owathatha ngalo isampula lakho kumarekhosi agcinwe phambilini.
- Ukukwazi ukudlulisa amarekhodi ekhethekile owagcine ngokuhlukana, isibonelo: Kungenzeka ufune ukudlulisa amarekhodi owathathe ngosuku oluthile noma epulazini elithile kuphela, lokho usuyakwazi ukukwenza.
- Ithuba lokukwazi ukulinganisa emasempuleni anezingqo ezidlula ezejwayelekile ezintathu ensimini eyodwa yomoba. Lowo osebenzisa le thuluzi useyakwazi ukongeza izikhala zezinye izingqo ekhasini lezibalo (zingeqi kweziyi-12).
- Ukukwazi ukubona ukungavuthwa komoba kwingaphezulu logoqo noma ngabe isilinganiso sokucoliseka kwephesenti lobushukela ogoqweni sidlula amaphesinti angama-85 (okuyisikali imvamisa okuyaye kunconywe ungavuthwisi uma usitholile). Ngaphansi kwalesimo umlimi uzokwaziswa ngethuba analo lokufutha izivuthwisi, ikakhulukazi uma izimo ezivumela ukukhula komoba zingaholela ekwehleni kwamathuba okuthi umoba uzivuthelwe wona (isibonelo, emva kwemvula eningi noma emva kobusika).

Umangabe usunabo lobuchwepheshe kumakhalekhukhwini wakho, okumele ukwenze ukuthi uthole lohlobo olunezinguquko zamuva, abangenabo nhlobo bangabuthola ku-Apple iStore noma ku-Google Play Store. Ukuthola ulwazi oluthe xaxa, sicela uthinte uMeluleki oseduze nawe.

Thulani Masondo

- Ungumphathi waBeluleki basesikhungweni soCwanningo ngoMoba abasebenza nabalimi abalima umoba ngokuncane kanye nabalimi ababuyiselwe umhlaba nalabo abathengelwe amapulazi ngohlelo lukaHulumeni.



- Ngokwake "Ngaphandle kwezolimo angeke isizwe siqhubekete phambili ngoba abantu kumele badle ukuze bakwazi ukusebenza. Kuzo zonke izinto ezenzakalayo emhlabeni wonke jikelele into eyosizisa wukuthi siqinise ulwazi lwezolimo, abantu bayadilizwa mihla namalanga emisebenzini abayenzayo emadolobheni bebuye bezolima emakhaya kube iyonanto ebanikeza imali noma inikeze amathuba emisebenzini kulabo abaye baqashwe yimboni yezolimo. Ukuze ukulima kube yimpumelelo kumele sisebenzisane, sitathe ukulima njengebhizinisi siphinde samukete usizo, ulwazi noqeqesho ukuze amakhono ethu athuthuke. Umsebenzi kwezinye izimboni iyophela kodwa kwezolimo angeke ize iphele ngoba abantu bayohlale bekudinga ukudla nanokuthi abantu banda kakhulu emhlabeni nokudla okukhizwayo kumele kube kuningi."

- Ngokusho kwakhe "bona njengeBeluleki beZolimo banikeza abalimi izeluleko ngesitshalo umlimi afisa ukusitshala, babaxhumanise neminyango engabasiza, babaxwayise ngezinto okumele nokungamele bazenze uma belima, babanikeze ulwazi namakhono okuphatha izindawo abazilimayo babuye babalekelele ukuze bakwazi ukubambisana nemigomo nemithetho ebekiwe yokulima, eyakwa-SARS, njalo njalo."

Sifiso Hlela

- Izigayo asebenza ngaphansi kwazo: Felixton kanye ne-Amatikulu



- Abalimi asebenza nabo: Abalimi abalima umoba ngokuncane kanye nabalimi ababuyiselwe umhlaba nalabo abathengelwe amapulazi ngohlelo lukaHulumeni.

- Ukulima "kungumogodla wesizwe esisathuthuka, phandle kokulima izwe lizolahlakelwa lilambe kodwa uma ukulima kwenziwe ngendlela izwe lizothuthuka ngokwezomtho"

- uSifiso weluleka abalimi abanike izincomo ezicwanningwe ezihambaphambili uma kulinywa kanye namasu okunakelwa siphinde sigcine umhlaba esilima kuwo ukuze isizukulwane siwuthole usesimani esihle.

William Gillespie

- Izigayo asebenza ngaphansi kwazo: Noodsberg, Maidstone, Darnall kanye ne-Gledhow,



- Abalimi asebenza nabo: Abalimi abalima umoba ngokuncane
- Ukulima "kuyingxeny ebaluleke kakhulu ezweni lethu, kuletha ukuvikeleka komtho namathuba emisebenzi emiphakathini eyakhelene".

- Ngokusho kwakhe "bonke abalimi badinga lapho bezothola khona ulwazi namakhono afanele ukuze bahlele bekwazi ukusebenza abanako ngendlela. Yena njengoMeluleki uyaziqhanya ngokuthi akwazi ukweseka abuye agqaguzele/ akhuthaze abalimi".

Patrick Mhlonipheni Ngobo.

- Izigayo asebenza ngaphansi kwazo: Maidstone, Gledhow kanye ne-Darnall.



- Abalimi asebenza nabo: Abalimi ababuyiselwe umhlaba nalabo abathengelwe amapulazi ngohlelo lukaHulumeni.

- Ukulima "kuyindlela yokuphila, ukungabibikho kwezolimo, impilo angeke ibe khona"

- KuMhlonipheni abalimi bathola izeluleko zikawephepe ngokulinywa komoba, usebenza ngokuzikhandla ngoba uzomthola emasimini nabalimi ukuze balime umoba omuhle.

Nolwazi Protasia Madlala

- Izigayo asebenza ngaphansi kwazo: Umfolozi (USM).



- Abalimi asebenza nabo: Abalimi abalima umoba ngokuncane kanye nabalimi ababuyiselwe umhlaba nalabo abathengelwe amapulazi ngohlelo lukaHulumeni.

- Ukulima "kuyimpilo noma indlela yokuphila akusiwona umsebenzi oseceleni nje wokuchitha isizungu. Uma umlimi efuna ukuphumelela kumele azimisele kakhulu futhi azimikele abe nofuqufuqu lokulima. Ukusebenza ngokuzikhandla, ukubesela kanye nokusebenza insimu ngesikhathi esifanele kungakwenza umlimi ophumelelayo. Tshala imali bese uvuna kamuva. Ukuvuna ngaphambi kokutshala imali kungaholela ekuweni komlimi noma ekufeni kwensimu yomlimi. Ekugcineni, umlimi womoba makube umuntu olalelayo futhi enze alulekwe kona abaluleki bomoba, uma umlimi elalela bese enza angahamba phambili."

- Usizo uNolwazi angalupha abalimi ukuthi abeluleke ngezindlela ezifanele zokusebenza umoba zakwa-SASRI (BMP's) ezingaholela ekukhuphukeni kwenani noma kwezinga lamathani omoba wabo.

Bongiwe Chonco

- Izigayo asebenza ngaphansi kwazo: Sezela, uMzimkhulu kanye ne-Eston.



- Abalimi asebenza nabo: Abalimi abalima umoba ngokuncane kanye nabalimi ababuyiselwe umhlaba nalabo abathengelwe amapulazi ngohlelo lukaHulumeni.

- Ukulima "ukusebenza umhlaba ukhiqize izitshalo, sidinga ukulima ukuze sigcine umphakathi unokudla siphinde sifake isandla kwi-GDP yezwe. Yingakho ukulima ngokuhlakanipha usebenzisa ubuchwepheshe nezindlela zokulima eziphambili kungenza sikwazi ukuqhubeka sikhqiza umkhqizo ophambili noma kukhona iziqingamba zemvelo kumhlaba esilima kuwo. Nanoma ubani angaba umlimi ophumelelayo uma ezimisele ngokusebenza ngokuzikhandla, alalele, afunde ngomsebenzi, abenesineke, abenomudla wokulima aphinde esebenzisane nabeluleki abanamava ekulimni".

- uBongiwe ulethela abalimi amakhono ahlukahlukene okubalwa kuwo ukuhlela kahle kanye nokuxhumanisa abalimi nemikhakha/nabantu abazobasiza baphathe kahle amasimu abo ukuze bathole isivuno esihle kuthuthuke izimpilo zemiphakathi. Abalimi asebenza nabo badinga isineke nokunakwa ukuze bakwazi ukufunda kahle. KuBongiwe ukuthuthukisa umphakathi yingxeny yomsebenzi ayithanda kakhulu okwenza kube lula ukuthi akwazi ukusebenza nabalimi. Ukuba nekhono lokuxhumanisa nokukhuluma ngendlela kwenza ukudlulisa ulwazi lokulima ngokuhlakanipha phakathi kwabalimi nabacwaningi kube lula, abalimi bathole isivuno esihle.

Norman Evans Mkhabela


- Izigayo asebenza ngaphansi kwazo: Felixton (THS), Umfolozi (USM) kanye noPhongolo (RCL)



- Abalimi asebenza nabo: Abalimi abalima umoba ngokuncane kanye nabalimi ababuyiselwe umhlaba nalabo abathengelwe amapulazi ngohlelo lukaHulumeni.

- Ukulima "singakusebenza ukunciphisa ubuphufu sibe nekusasa eliqhakazile, sakhe amathuba emisebenzi, sikhuphule umtho siphinde sithuthukise imiphakathi yethu".

- uMkhabela ulethela abalimi ulwazi nobuchwepheshe, indlela abangaphatha ngayo ibhizinisi lomoba, ukuxhumanisa abathintekayo, uqeqesho kanye nezindlela izinconywayo zokulima umoba.



	aBeluleki boMnyango weZolimo	iziNombolo zocingo	iHhovisi	E-mail address	aBeluleki bakwa-SASRI
1	M Mahafha	073210 2195	uPhongolo	musiiwamahafha@gmail.com	N Mkhabela : 083655 5012 (Zululand)
2	SJ Zikhali	079276 2421	Jozini	sipho.zikhali@kzndard.gov.za	
1	H Mthiyane (Mrs Nsele)	035562 3058	Hlabisa/Big 5	hlengiwemthiyane01@gmail.com	Zululand) : 083459 7003 (Zululand)
2	BM Nkumbuzo	035550 0201	Mtubatuba	mzweli.nkumbuzo@kzndard.gov.za	
3	PS Dladla	035550 0201	Mtubatuba	preserve.dladla@kzndard.gov.za	
4	WK Zungu	035550 0201	Mtubatuba	wiseman.zungu@kzndard.gov.za	
5	IM Dladla	035550 0201	Umfolozi/Ngwelezana	mdudladla@gmail.com	
1	CP Dlamini	035794 2381	Ngwelezana	cebile.ntini@kzndard.gov.za	S Hlela : 082613 8819 (Zululand)
2	DM Nzuza	035794 2381	Ngwelezana	dan.nzuza@kzndard.gov.za	
3	SE Madondo	035794 2381	Ngwelezana	sibongile.madondo@yahoo.com	
4	SF Mzobe	035794 2381	Ngwelezana	siyabonga.mzobe@kzndard.gov.za	
5	TV Shandu	035794 2381	Ngwelezana	thobeshandu@gmail.com	
6	M Khumalo	035562 3058	Mthonjaneni	musawenkosi.khumalo@kzndard.gov.za	
7	SJ Sangweni	035474 5329	Mlalazi	sifisosangweni10@gmail.com	
8	GV Nkwanyana	032437 7500	Ilembe	gladwynnkwanyana55@gmail.com	
9	PN Seme	032437 7500	Ilembe	patnseme@gmail.com	

	aBeluleki boMnyango weZolimo	iziNombolo zocingo	iHhovisi	E-mail address	aBeluleki bakwa-SASRI
1	SV Mthethwa	071900 1007 / 076 8217 103	KwaDukuza	ludongakhubazi@gmail.com	W Gillespie : 082655 0356
2	KN Ngema	076821 7186	Maphumulo	khethiwe.dlamini@kzndard.gov.za	P Ngcobo : 082655 0358
3	PC Mntambo (intern)	076755 8485	Maphumulo	pcmntakx@gmail.com	(North Coast and Midlands North)
4	S Vilakazi	076821 8886	Maphumulo	samke.vilakazi@kzndard.gov.za	
5	TC Phewa	082423 8900	Indwedwe	thembile.phewa@yahoo.com	
6	KE Sibiya	082836 8140	Indwedwe	khethosibiya2@gmail.com	
7	EB Maphanga	076821 8322	Indwedwe	elphas.maphanga@kzndard.gov.za	
8	GM Mdunge	076767 1222	uMgungundlovu	gm.mdunge@gmail.com	
1	TC Ngcobo	076929 3132 / 033 347 6216	uMgungundlovu	ngcobo.ngcobo@gmail.com	B Chonco (Midlands South and South Coast)
2	B Mathe	083431 1862 / 031915 0044	eThekwini	bheki.mathe@kzndard.gov.za	
3	Q Gida	076957 2387 / 039699 1761	uZumbe	qhamukile.gida@kzndard.gov.za	
4	L Mkhungo	076821 8266 / 039682 2045	Ray Nkonyeni/Port Shepstone	lungisile.mkhungo@kzndard.gov.za	
5	G Mnyandu	076957 6911 / 039974 0141	Umdoni/Scottburgh		
6	SC Nzimande	076923 4599 / 039834 1032	Harry Gwala/Ixobho	sindiswa.nzimande@kzndard.gov.za	

Isibonelo nama simu embewu

Ibhalwe: uNolwazi Madlala



Abalimi beqeqeshwa ensimini eyisibonelo



Insimu etshalwe imbewu

Emva kwesomiso kuleminyaka emibalwa edlule, abalimi balahlekelwe kakhulu emasimi abo. Ukuze kuxazululeke lenkinga, uhulumeni ungenetele ngosizo lwezimali zokutshwalwa kwembewu kuzo zonke izindawo ezitshala umoba KwaZulu Natali. Inhlalo enkulu yalohlelo lwembewu ukubuyisela umoba ezindaweni zomoba ebesezilele, ukuze umoba wandiswe ezindaweni zasemakhaya futhi kuliwe nobubha.

Lolu sizo lwembewu luqondiswe ikakhulukazi kubalimi abalima ngokuncane ngokwezindawo ezitshala umoba esiFundazweni sethu. Izinhlelo zembewu zihlukene kabili kukhona imbewu yokwandisa umoba etshwalwe izigayo zomoba bese kuba khona imbewu etshalwe ngenhloso ikhulukazi yokufundisa abalimi ngokutshala komoba nokunakekelwa kwawo uze ufike ezingeni lokuhlahlwa. Yonke lembewu izosiza ekwandiseni umoba ezindaweni zasemakhaya.

Le mbewu ilawulwa ikomidi elihlanganisa isiKhungo soCwaningo ngoMoba eNingizimu Afrika (SASRI), izigayo zomoba ezahlukahlukene kanye noMnyango weZolimo nokuThuthukiswa kweZindawo zaseMakhaya (DARD). Izigayo zidlala indima yokuba yibhange bese u-SASRI kanye no-DARD beqikelele ukuthi umoba uyatshalwa uphinde ukhuliswe ngendlela esezingeni eliphezulu kulandelwa imigomo eyiyo.

Izindawo ngezindawo kukhethwe abalimi abavume ukunikela ngamasimu abo phecelezi ama-co-operator okuzotshalwa kuwo lembewu ezothengwa abanye abalimi uma isivuthiwe ukuze nabo bethole imbewu enhle ehloliwe esezingeni eliphezulu. Kungenzeka ukuthi ungomunye wabalimi owanikela ngensimu yakhe ukuze kutshalwe kuyo imbewu kodwa awunaso isiqiniseko sokuthi izosentshenziswa njengesibonelo noma njengensimu yembewu kuphela ukuthola lemininingwane thintana noMeluleki oseduze nawe.

Uma uyidinga lembewu qala manje ukubekisa kumeluleki wakho wakwa-DARD noma owakwa-SASRI ukuze ungaphuthelwa. Uma udinga ukwazi futhi ukuthi itholakala kuphi lembewu ngalapho ohlala ngakhona bazokutshala.

Izigayo zomoba	Izindawo ezizotshalwa	Amahheka azotshalwa	Izindawo esezitshaliwe
oPhongolo	1	8	0
Makhathini Flats	8	8	5
Mtubatuba	3	3	3
Felixton	16	27	10
Amatikulu	11	18	2
Darnall	0	0	0
Gledhow	2	8	2
Maidstone	3	6	1
Noodsberg	1	4	1
Eston	2	4	2
Sezela	3	6	3
uMzimkhulu	3	6	3
Sekuphelele	53	98	32

ABADIDIYELI

Nqobile Nxumalo, Sandile Mthimkhulu, Sifiso Hlela, Thulani Masondo & Wayne Mthembu (Umhleli)
Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September
Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.nxumalo@sugar.org.za

Amalungelo okuqopha aqakethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isiKhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqakethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzela ukuthi zisentshenziswe.